SPCA ithi…

UNGALIMAZI INJA YAKHO NGOKNQUMA ULWIMI LWAYO

“WORM” UNDER THE TONGUE IN DOGS

Seku yiminyaka eminingi kunezinkolelo zokuthi kunesibungu esihlala ngaphansi kolwimi lwenja. Kukholelwa ukuthi uma usikhipha inja yakho izoba namandla ikhule uma igula noma ingondlekanga, izoba ngumzingeli oqavile. Ingabe sikhona na isibungu ngaphansi kolwimi lwenja?

QHA!! AKUKHO SIBUNGU NGAPHANSI KOLWIMI LWENJA!



"Isibungu" insumansumane nje engesilo iqiniso futhi elingamampunge- sekuyisikhathi sokuthi sikuyeke ukusika izinja ngaphansi kolwimi kungenasidingo.

Yini ke engaphansi kolwimi lwenja?

“Isibungu “ empelenin singumsipha obizwa u frenulum ohlala ngaphansi kolwimi ukuze ubambe ulwimi.

Nabantu banawo lomsipha ngaphansi kolwimi kodwa awulingani nowezinja.

Uma uphakamisa ulwimi lwakho kulula ukuwuzwa ngomunwe.

Owenja umsipha mude futhi ubalulekile ezithweni zomzimba. Ngaphandle kokudla nokuphuza amanzi nokuzwela ezinhlungwini nokuthintwa, ulwimi luyayipholisa inja.

Sponsored by the Thompson Educational Trust

Uma ina iphefumula ikhiphe ulwimi isuke izipholisa futhi kuyisiza ekuhambiseni igazi nokuphefumula.

Ukushayisa inja yakho umoya ngamalanga ashisayo kubaluleke kakhulu ukwehlisa izinga layo lokushisa. Yingakho kuyingozi enkulu ukushiya inja emotweni evaliwe uma kushisa. Umoya oshisayo uvimbela ulwimi ukwenza umsebenzi walo futhi inja ingabulawaukushisa.

Ngaphansi kunesithombe somlomo wenja umthambo (frenulum) luvele kahle.



Frenulum (Akusona isibungu)
Ungasiki noma yini olwimini

Njengoba singavumelani nokusikwa komthambo obambe ulwimi lwenja. Kumele siwugweme lomkhuba wokusika inja umthambo osemlonyeni wenja.

“Isibungu”esingaphansi kolwimi inzwabethi yakudala engasilo iqiniso, futhi lokusikwa kuyinkohlakalo nesihluku esilwaneni okwenziwa kuso.

Esikhathini esiningi kungalandelwa ukufa ngoba ulwimi ngeke lusasebenza, inja ingabulawa yindlala, ihluleke ukuphuza noma yophe ize ife.

UKUSIKA ULWIMI LWENJA INKOHLAKALO AKUMELE YENZIWE

Issued by the National Council of SPCAs
P.O. Box 1320, Alberton 1450
Tel: 011 907 3590
Fax: 011 907 4013
E-mail: nspca@nspca.co.za